



Ukunakekela kulesi sikhathi se-CORONA



Ibhebhethaka kanjani iCORONA?

Leligciwane lingena emizimbeni yethu ngomlomo, ngamakhala kanye nasemehlweni. Libhebhethaka kalula. Ngomuntu oyedwa nje onalo leligciwane osesixukwini, esontweni, noma ehlangene nabanye nje abantu ekhaya lingabhebhethaka.

- Lingabhebhethaka uma umuntu onalo ekhwehlela noma ethimula eduze kwakho. Uma lawo maconsi ehlala emlonyeni wakho, ekhaleni noma emehlweni uzolithola leligciwane.
- Umuntu angalithola futhi leligciwane uma ebamba izindawo okuwele kuzona amaconsi analeli gciwane le CORONA bese ezibambabamba ubuso.
- Siyalithola futhi leligciwane uma sithinta umuntu onalo bese sizibambabamba ubuso.
- Leligciwane lingaphila kwezinye izindawo eliwele kuzona kufikela kumahora angama-72.



Siyivimba kanjani iCORONA ukuze ingabhebhetheki

Singazivikela sivikele nabanye ngokuqinisekisa ukuthi izinto zihlala zihlanzekile.

Nakhu ongakwenza ukuqinisekisa inhlanzeko

- Khwehlela noma uthimulele emkhonweni ngasendololwaneni yakho noma usebenzise ithishu. Lahla leyo thishu emgqomeni ovalekayo.
- Gwema ukuzithinta emehlweni, ekhaleni noma emlonyeni ngezandla ezingcolile.
- Geza izandla ngensipho nangamanzi noma ngesibulali-magciwane isikhathi esiyimizuzwana engama-20 okungenani.
- Sula izindawo nezinto ezibanjwa kakhulu, ngamanzi ashisayo nangensipho njalo. Fafaza isibulali magciwane kwezinye izindawo uma ungakhona.
- I-cell phone yakho yithathe njengesandla sakho sesithathu. Yesule ngendwangu. Faka isibulali-magciwane endwangwini, noma usebenzise insipho namanzi ashisayo uma ungenayo.

Ungasondeli kakhulu kwabanye abantu



Isikhala osishiyayo phakathi kwakho nomunye umuntu sibalulekile ngoba sivimbela ukubhebhethaka kwaleli gciwane ngezindlela ezimbili. Lokho kusiza wena ukuthi ungalitholi leligciwane kumuntu ogulayo none CORONA. Kubuye kusize nasekutheni wena ungayidluliseli kwabanye iCORONA, ngoba kungenzeka ukuthi ubenalo leligciwane kodwa ungazi.

- Gwema ukuthintana nabanye abantu ngaso sonke isikhathi uma isimo sikuvumela.
- Hlonipha imiyalo obekelwe yona nguhulumeni emaqondana nokumele ukwenze kulesi sikhathi se-lockdown.
- Zama ukushiya isikhala esingaba ngamamitha amabili okungenani phakathi kwakho nabanye abantu.
- Gwema ukusondela kubantu abagulayo.
- Kwezinye izindawo kungenzeka kube nzima ukugwema ukusondela kakhulu kubantu. Uma kunjalo okungenani qinisekisa ukuthi UGEZISISA izandla zakho NJALO ugweme UKUZIBAMBA ubuso.

Ibaluleke ngani i-Lockdown?



Ngomhlaka 26 ku Ndasas 2020 uhulumeni wase Ningizimu Afrika umemezele ukumiswa kwemisebenzi nokuhamba emigwaqeni ezweni lonke, izinsuku ezingama-21.

- Lokhu uhulumeni ukwenze ngenjongo yokunciphisa izinga lokubhebhethaka kwaleligciwane.
- Ngokuhlala kwethu ekhaya, ayancipha amathuba okuthi leligciwane lisuke komunye umuntu liye komunye noma lisuke endaweni ethile liye kwenye.
- I-lockdown ivimbela ukugula kwabantu abaningi ngesikhathi esisodwa. Uma lokhu bekungenzeka, izinhlelo zethu zezempilo ngeke zikwazi ukunakekela bonke labo bantu abagulayo. Baningi kakhulu abangashona.